Singatha iSimo sakho sokuThobela iNtela

Yini Entsha?

- **1 kuNhlangulana 2021** – Ngaphambi kokucela iSimo sokuThobela iNtela i-TCS ukuze ufudukele kwelinye izwe, kumele kube ukuthi usuyiphothulile inqubo eqinisekisa ukuthi awuseyena umhlali wakuleli eyaziwa nge-*Cease to be a Resident process*. Ngemininingwane eyengeziwe ngalokhu bheka ikhasi elithi Cease to be a Resident webpage.
- **1 kuNdasa 2021** – Amadokhumenti esekelayo adingekayo mayelana nokufuduka ne-FIA aselungisiwe ukuveza izinguquko zakamuva ezenziwe ezinqubweni ze-*Foreign Exchange Control* kanjalo nokumenyezelwa koMthetho oChibiyela iMithetho yokuThelisa i-*Taxation Laws Amendment Act*, 2020.
- **5 kuNhlolanja 2021** – Manje usungakwazi ukucela iSimo sakho sokuThobela iNtela lapha.

Kuyini?

Emizamweni yethu eqhubekayo yokuphucula ukuthobela nokwenza kube lula kubakhokhintela ukusingatha izindaba zabo zentela, uPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (uSARS) selwethule uHlelo oluphuculiwe lweSimo sokuThobela iNtela (Tax Compliance Status System). Ukukhishwa kwesiTifiketi sobuMsulwa kwezeNtela (TCC) kwayekwa kusukela mhla zi-2 kuLwezi 2019. INombolomfihlo ye-TCS ikuvumela ukuba ugunyaze umuntu wesithathu (okungaba inhlangano noma uhulumeni) ukuba abone isimo sakho ngokusebenzisa i-eFiling. Izokunika sonke isimo sakho sokuthobela intela ngosuku nesikhathi osibuka ngaso. Ukuze sivikele ubumfihlo bomkhokhintela, alukho olunye ulwazi umuntu wesithathu azokwazi ukuluthola.

Ukuthobela imithetho kanye ‘nokukhokha eyakho ingxenye’ akuyona nje kuphela into ekulungele, kepha kunegalelo ekukhuleni okuhle komnotho wezwe nokuphetha ngokuhlomulisa bonke abantu baseNingizimu Afrika.

Uhlelo lwe-TCS luyatholakala kulezi zinhlelo ezilandelayo:

- Ubumsulwa
- Ithenda
- Imalisabelo yoTshalomali lwasemaZweni
- Ukufuduka

Ukuze ufake isicelo se-TCS, ungakwazi ukungena ohlelweni lwe-TCS ngokukhetha TAX STATUS kulokhu okukhethwa kukho ku-eFiling.

Kwenziwelani?

Uhlelo olusha luzokwenza kube lula kubakhokhintela ukuba bacele iSimo sabo sokuThobela iNtela (TCS) ngokusebenzisa i-eFiling bese bethola i-PIN yokugunyaza nokunika umuntu wesithathu ilungelo lokuqinisekisa isimo sakho.

I-TCS PIN kumele isetshenziswe umuntu wesithathu ogunyaziwe (labo owabelane nabo nge-PIN yakho) ukuze aqinisekise isimo sakho sokuthobela ku-inthanethi ngokusebenzisa i-eFiling yakwaSARS. Kubalulekile ukukhumbula ukuthi isimo sokuthobela intela somkhokhintela kasimi ndawonye siguquguquka ngokuhambisana nokuqhubeka kwakhe ukuthobela izidingo zokuthela.

Yini okumele ngiyenze?

Nakhu okumele ukubeke emqondweni wakho, ukuze ube ngoyithobelayo imithetho kufanele uqiniseke ukuthi:

- Akukho zimbuyiselo zentela ezisilele emuva
- Awukweleti mali kwaSARS ngaphandle uma sekwenziwe izinhlelo zokukhokha noma sekunesivumelwano sokulengiselwa isikweletu
- Usuzibhalisile zonke izinhlobo zentela okufanele uzithelele
- Imininingwane yakho ebhalisiwe isilungisiwe. Ngeminye imininingwane ngokulungisa imininingwane yakho ebhalisiwe click here.
- Usudidiyele (ngo-Merge tool kwi-eFiling) noma usuzidalulile (efomini i-ERC01 nelikhona njengengxenye yohlelo lwe-TCS kwi-eFiling), zonke izinombolonkomba zakho zentela ezibhalisiwe. Ngolwazi olwengeziwe ngohlelo lwe-Merge, click here.

Uhlelo olusha lwe-TCS lugqugquzelwe uhlelo lokusebenza lwe-“My Compliance Profile (MCP)”. I-MCP inika umkhokhintela ithuba lokubuka isimo sakhe sokuthobela intela nge-inthanethi njengokuba sidalulwe nguSARS. Umkhokhintela uzokwazi ukuhlonza nakuphi ukungathobeli okukhona bese enza okufanele ukulungisa lokho. Ukwethulwa kwe-MCP kuhlomisa abakhokhintela ngolwazi olwengeziwe mayelana nokuthobela kwabo imigomo yentela futhi kuyisiqalo saso sonke isimo sokuthobela esikhishwayo uma kuthunyelwa isicelo se-TCS kwaSARS (isibonelo njengokweThenda noma okobuMsulwa kanye nokunye).

Ngeminye imininingwane ngezinqubo zesimo sokuthobela intela landela le migudu engezansi:

- Ngingangena kanjani ku “My Compliance Profile” (MCP) ngokusebenzisa i-eFiling yakwaSARS
- Ngingasicela kanjani iSimo sokuThobela iNtela
- Ngingasiqinisekisa kanjani iSimo sokuThobela iNtela